Term 3 TASK

Downloaded from Stanmorephysics.com

# Stanmore Secondary School

Iphepha lesi-2

AMAMAKI:40

ISIKHATHI: 1 HORA

**ISIZULU GRADE 8**

Isiqephu A

Umbuzo 1

**Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

## Ngimuhle Nginje

Abantu bathi ngiyisidala. Abanye bathi ngiyisikhaya uma ngikhuluma le ndaba yokuzicwala izinwele kwesimanje.



Abantu abazi lutho ngesintu. Abakwazi nokubona ubuhle bemvelo. Phela ukulungisa izinwele akusiyona into yanamuhla. Amakhanda ayevele elungiswa kwakudala. Yikho nje ukuthi kwabe kwenziwa ngezindlela zakudala. Izintombi zabe zeluka amagoda noma zeluke isikholwa. Kwesinye isikhathi isihluthu sikanywe sibe sihle. Akukho mithi eyabe igcotshwa.

Nabesilisa babefaka udaka ekhanda baluyeke luze lome impela. Kuyoze kuthi mhlawumbe emva kwenyanga abese eluhwaya. Lapho izinwele zisuke sezilulekile zingamashoba sezizinhle. Lokhu kubizwa ngokutaka.

Umehluko omkhulu osukhona manje ukuthi ukwenza ikhanda sekumba eqolo. Umuntu uhlukana nenkulungwane yamarandi kungabi ndaba zalutho. Ekugcineni babe izimpandla. Sekwaphelelaphi bakwethu ukuzithanda njengoba uMdali ayekudalile. Ungahamba izwe uliqede uNkulunkulu wadala abantu abaMnyama baba nezinwele ezimfishane bodwa. Lokho akubenzi babe babi nhlobo. Ziyafisa ezinye izizwe ukuthi kezihlome uphaphe ekhanda luzihlalele nje uze ulikhiphe ngoba usuthanda, kodwa akwenzeki ngoba ezabo ziyaphephezela. Kwenziwa yini

pho ukuthi abantu bangaziqhenyi ngobubona? Ake zibuye emasisweni bakwethu, azidl' ekhaya.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Intokazi yakuleli, uMama Afrika uMirriam Makeba, waze walishiya leli engakaze alungise izinwele zakhe ngemithi, futhi engakaze axhume izinwele zokufakelwa. Wayemuhle kabi. Siyakujabulela lokhu ngoba wahamba amazwe ngamazwe enalezo zinwele. Abantu bamazwe ehlukene cishe bawubona umfanekiso wom Afrika kuye. Usele uma usacabanga ukuthi abesimame abangazixhumi izinwele zabo noma bafake amawigi babi. Kuyajabulisa ukuthi abantu abaningi sebebonile ukuthi kuhle ukuzigcina ungumAfrika. Kunentokazi esebenza emsakazweni u-Pabi Moloi, yena uvele aphuce ikhanda kube sengathi ushonelwe. Akamuhle uyasanganisa. Abantu abakuboni ngani lokhu? Kuyoba nini singakwamukeli lokho esidalwe siyikhona? Mina ngibona sengathi ngimuhle ngingafake ndondo ekhaleni. Angeke ngalokhu ngizishintsha sengathi ngifuna ukuba muhle. Ubani owathi ubuhle bomuntu busezinweleni?

1. Ikhuluma ngani le ndaba? Bhala umusho owodwa. (1)
2. Ake usho izindlela zakudala okwabe kulungiswa ngazo izinwele? (2)
3. Obani abantu besifazane okukhulunywe ngabo kule ndaba? Kuthiwa benzeni? (2)
4. Ngabe umbhali uqonde ukuthini uma ethi abantu baphenduka izimpandla? (1)
5. Ngabe isho ukuthini le nkulumo ethi; azibuye amasisweni? (2)
6. UNkosazana Mirriam Makeba kuthiwa waze walishiya leli engazange alungise izinwele zakhe ngemithi. Walishiya leli wayaphi? (2)
7. Ukwenzenjani ukuphuca ekhanda? (1)
8. Kuyiqiniso noma kungumbono ukuthi ukwenza izinwele ngendlela yamanje kumba eqolo? (2)
9. Wena uyahambisana yini nalo mbono othi asigcine izinwele zinjengoba zinjalo? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

/ 15 /

## Isiqephu B

## Umbuzo 2

### Izimiso nezakhiwo zolimi

1. Igama elithi, isihluthu lingumabizwafane. Lisebenzise emishweni ozozakhela yona uveze izincazelo ezimbili ezehlukene. (2)
2. Bhala igama eliphikisa leli elibhalwe ngokugqamile emushweni ongenzansi./Abantu abaMnyama banezinwele **ezimfishane**. (1)
3. Lawa magama ayadida. Wasebenzise emishweni uveze izincazelo zawo ezehlukene. Isiphandla / impandla. (2)
4. Bhala isinciphiso sebizo elibhalwe lagqama kulo musho. Ngizohloma **uphaphe** ekhanda. (1)

5. Bhala ubulili besifazane begama eligqamile:

Downloaded from Stanmorephysics.com

Abantu **besilisa** nabo babewenza amakhanda (1)

6. Bhala igama elilodwa esikhundleni salawa abhalwe ngokugqamile.
Ukwenza ikhanda **sekumba eqolo** manje. (1)

7. Esikhundleni segama eligqamile emshweni bhala elimqondofana nalo.
**Ngiyaziqhenya** ngobumina. (1)

8. Shono ukuthi umusho olandelayo uluhlobo luni phakathi kwalena,; oqondile, ombaxa noma omagatshagatsha.)
Abantu bacwala izinwele. (1)

9. Bhala umusho olandelayo ukhombe ukubuza.
Abafundi bafuna ukucwala izinwele esikoleni. (2)

10. Bhala umusho olandelayo ube senkathini eyadlula. Izinwele
Izinwele ziyaqothuka. (1)

11. Ngabe inkulumo elandelayo iyakhohlisa noma iyinkolelo engaguquki ?
Imithi yesimanje ayiziqothuli izinwele. (2)

[15]

**ISIQEPHU C.**

**Imibhalo yobuciko:** **UmdlALO**

**Funda umdlalo olandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**(UThabiso usendleleni ephikelele esikoleni uhamba nabangani bakhe uNobuhle noZime)**

**uThabiso:** Kodwa ngizoyenzenjani le ndaba engivelele? Phela ngicabanga nokusiyeKA mina isikole. Angeke ngikumele ukugunda izinwele zami Uyazi ngagcina ukugunda kushone ugogo. Ngalowo nyaka ngangisafunda ibanga lesi-5 uma ngingaphosisi. Kuzothi manje sengenza uMatikuletsheni bese kuthiWA angigunde! Hhayi bo! Angiyizwa leyo.

**uNobuhle:** (Ngokukhulu ukujabha) Hawu Thabzo yini kodwa le nto oyishoyo?

**uThabiso:** Angeke ngempela ngikwazi ukugunda izinwele zami. Angithi kusasa lokhu okusayo sizoba nomgubho wokuvalelisana wabafundi bebanga le-12. Ngizoba yini mina lapho uma ngingenazinwele?

**uZime:** Phela kuyisiko lethu thina bantu abaMnyama ukuthi uma kushone umzaLI sihloniphe ngokugunda amakhanda. Ubaba wakho wokuqala nokugcina uzotini esedlulile emhlabeni bese wenza sengathi akonakele lutho? Ayikho leyo nto.

**uNobuhle:** Khona ungayanga kulowo mgubho ngoba uzobe usazilile kunani?

**uThabiso:** (Ekhombisa ukunengwa yilokhu kuhlanganyelwa ngabangani bakhe.) Ngiyanibona nina zihlakaniphi ukuthi nikhulunyiswa ukuthi le nkinga ayiqondene nani.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**uZime:** Yisho uliphinde mngani. Phela kimina akusiyona inkinga lokhu. Ngabe angizikhathazi nje ngento engenamsebenzi njengale. Mhlawumbe kwenza ukuthi ngiyakwazi ukulahlekelwa ngumzali ukuthi kuyinto enjani. Uma kungathiwa angiphuce ikhanda ubaba ezovuka, lingathi lishona ngibe sengiyimbunculu. Ngingaliphuca manje nje kusashisa. Phela ubaba wayeyikho konke kithi. Ngiyamangala wena ulokhu ukhalela izinwele kunokukhalela ubaba wakho.

**uThabiso:** We bangani! Uyazi ngicabanga ukuthi ngicele ekhaya ukuthi ngifake isichibi sendwangu kunokuthi ngigunde. Phela sona uyakwazi ukusikhipha usibeke eceleni uma unabangani bakho, kanti imbunculu ayikhumuki. Nithini lapho?

**uZime:** Hhayi sengathi wehlulile mngani. Yini nje le nto oyishoyo? Kwasichibi leso uyobuye usikhumule? Angikaze ngiyizwe-ke leyo. Yini ungaceli ekhaya ukuthi ungaziliswa uma unenkinga engaka?

**uNobuhle:** Mina ngiphosa ithawula Zime. Kusobala ukuthi uThabiso akadinge kubohiswa. Ukhulume sengathi udinga usizo kanti udlala ngathi. Hhayi soyicela ivuthiwe mngani.

**uZime:** Uyazi mina sengiye ngibone labo sisi abagunda izinwele zabo zonke bebahle nje. Ngibona sengathi ngomgubho wethu ngizoziqunda zonke ziphele nya.

**uThabiso:** Bangani bami kungangcono sizigunde sobathathu ukuze kuingabi yimina ngedwa ogundile. Uma singenzenjalo ngeke kunakeke kakhulu.

**uZime:** Kulungile asivele sigunde sonke sengathi yisitayela, kanti siyazi thina ukuthi senzela ukuthi ungahluki wedwa. Umgubho uyofika sesagunda kudala.

**uNobuhle:** Nina nobabili anive niyizigebengu.

**Phendula imibuzo elandelayo:**

a) Ngubani oqavile kulo mdlalo? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)

b) Ngobani abanye abadlali abakhona lapha? (2)

c) Uvezwe kanjani umlingisi oqavile kulo mdlalo? (2)

d) Ngabe yini isisusa sodweshu lapha? Xoxa. (2)

e) Ngabe lo mdlalo wenzeka esikhathini samanje noma esakudala? Fakazela impendulo yakho. (1)

/ 10 /